Le ndaba ixoxa ngoCharlotte Maxeke.

Ngonyaka ka 1901, waba ngowesifazane wokuqala omnyama ukuthola iziqu saseNyuvesi.

UCharlotte Maxeke wayeyisishoshovu, isifundiswa kanye nomholi wezenkolo.

Le ncwadi ibungaza umkhosi wempilo yakhe.




UKhanyisa noNthuseng bahamba ngezinyawo bavela esikoleni.

Liyashisa ilanga. Ngesikhathi bedlula ngasesibhedlela, bakhetha ukuphumula emthunzini lapho endaweni okuma kuyo amabhasi ngaphandle kwesango lasesibhedlela.

Lesi sibhedlela yiCharlotte Maxeke Johannesburg Academic Hospital.




“Hhayi-bo, ngabe uyazi ukuthi wayengubani uCharlotte Maxeke, nokuthi kungani lesi sibhedlela sibizwa ngegama lakhe?” uKhanyisa ubuza umngani wakhe.

UNthuseng uyaphendula, “Yize sengidlule kaningi lapha, angikaze ngicabange ngalokho kuze kube manje.”



Omunye umfundi uyadlula la mantombazana esaxoxa. Ufunda iSayensi yezempilo eNyuvesi iWitwatersrand.

“Nginganitshela ukuthi uCharlotte wayengubani!” kusho uBusisiwe, umfundi.




“UCharlotte Makgomo Mannya wazalwa ngeminyaka yawo 1870,” kuqala uBusisiwe.

“Habe, iminyaka eyikhulu namashumi amahlanu edlule!” kubabaza uKhanyisa.

“Yebo, futhi okubhalwe phansi mayelana nokuthi wazalwa nini nokuthi kuphi kwehlukile. Abanye bathi wazalelwa eMpumalanga Kapa kanti abanye bathi wazalelwa eLimpopo,” kuqhubeka uBusisiwe.



“UCharlotte wayefunda esikoleni samamishini aphumelela kuso ngemiphumela emihle kakhulu. Wayehamba phambili kakhulu kwizilimi neZibalo. Wayekwazi ukubhala ngesiXhosa, isiDashi, nangesiNgisi.”

“UCharlotte waqeda amabanga akhe ezemfundo aphezulu ngokushesha kunezingane eziningi,” kuphumula uBusi.

“UCharlotte onenhlanhla!” kusho uNthuseng.
“UCharlotte ohlakaniphile!” kusho uKhanyisa.




“UCharlotte wayehlakaniphe kakhulu. Wayecula nangephimbo elimnandi,” kusho uBusisiwe.

"Emuva kokutholwa kwamadayimani eNingizimu Afrika, umndeni kaCharlotte wathuthela eKimberley, eNyakatho Kapa.

“Wasebenza njengothisha futhi ecula nekwaya i-African Jubilee Choir."



“UCharlotte wavakashela eNgilandi ne-*African Jubilee choir*. Baculela abantu ababaluleke kakhulu eLondon base beya naseMelika,” kuqhubeka uBusisiwe.

"UCharlotte wathola umfundaze wokuyofunda kwiNyuvesi iWilberforce eMelika. Kwakuyinyuvesi yokuqala ayasungulwa ngabantu abansundu baseMelika.




"Ngesikhathi efunda, uCharlotte waba ngusopolitiki. Waqala ukuhambela izinkulumo zamalungelo abesifazane. Wayefunda nesihlabani esibalulekile sePan African esasibizwa uW.E. Du Bois. Wayephinde asebenze nasesontweni lakhe.

Enyuvesi yaseWilberforce, yilapho ahlangana khona nomyeni wakhe uMarshall Maxeke."



"UCharlotte noMarshall babuyela eNingizimu Afrika bazosebenza njengezithunywa zevangeli. Babefuna ukwenza isiqiniseko sokuthi zonke izingane zithola imfundo esezingeni eliphezulu.

Isonto labasiza ukusungula isikole sezingane ezinsundu zaseNingizimu Afrika eGoli. Basiqamba lesikole bathi yiWilberforce Institute."




"UCharlotte wabhekana nezimo zenhlalakahle ezazithinta abesifazane abansundu. Wayephinde abambe iqhaza nakwezinye izinhlangano zabesifazane ezixube izinhlanga.

Wasiza ukuhlela imibhikisho eyayiphambene nemithetho yababezophatha izwe. Wayebamba iqhaza emibhikishweni yabasebenzi.


Wayengumholi wesonto, enguthisha, umbhali, nesishoshovu sezepolitiki. Wayevelele!"



UBusisiwe uyaphetha, “Ngifunde ngoCharlotte Maxeke ngoba ngize kulesi sibhedlela. Besibizwa ngeJohannesburg Hospital kodwa ngonyaka ka-2008 sabuye saqanjwa kabusha ngeCharlotte Maxeke Hospital.”

“Ungowesifazane obaluleke kakhulu kumlando wethu,” kusho uKhanyisa.

“Kufanele basifundise ngaye esikoleni!” kusho uNthuseng.




UBusisiwe wavumelana namantombazana wase ethi, “Nizosala kahle, sekufanele ngiye egumbini lokufunda manje.

"Siyabonga kakhulu ngokusabela lolu lwazi! Sizohlala simkhumbula uMama uCharlotte Dokotela Maxeke, kusho uKhanyisa.

“Ningakhohlwa ukuthi abesifazane abansundu banamandla! Sizobonana enyuvesi!” kusho uBusisiwe.

## ——Imibuzo

1. Wazalelwa kuphi uCharlotte?
2. Wafunda kusiphi isikole?
3. Wayeculela yiphi ikhwaya?
4. Sasibizwa ngaliphi igama isibhedlela esisiqanjwe ngaye?
5. Washada nobani uCharlotte Makgomo Mannya?
6. Kungani uCharlotte Maxeke ebalulekile kumlando wethu?

## ——Izincwadi ezikulolu chungechunge

- U-Andile Mji
- U-Asnath Mahapa
- UBongani Mayosi
- UCharlotte Maxeke
- UMmantsane Moche Diale
- UMulalo Doyoyo
- UTebello Nyokong
- UTshilidzi Marwala

Lendaba ibhalwe ngolimi lweseTswana njengenye yezinsiza zokufunda zeprojekthi yeZenex Ulwazi Lwethu ngo2020.

